# UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uqokwe njengoSihlalo weNhlangano Yomhlaba Yamahhovisi Alawula Impahla Emingceleni

**Tshwane, 25 kuNhlangulana 2023** –UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (i-SARS) luyakwemukela ukuqokwa kukaKhomishana walo uMnu Edward Kieswetter njengoSihlalo weNhlangano Yomhlaba Yamahhovisi Alawula Impahla Emingceleni (i-WCO). Lokhu kuqokwa kwenzeke mhla zingama-24 kuNhlangulana 2023 ngenkathi kuhlangene uMkhandlu wenhlangano komkhulu be-WCO eBrussels, eBelgium.

I-WCO inamalungu ayi-185, izingxenye ezintathu kwezine kuwo amazwe asathuthuka kanti uMkhandlu isona sigungu esiphezulu esithatha izinqumo. Wasungulwa ngonyaka wezi-1952 njenge-Customs Cooperation Council (i-CCC), kanti yiyona yodwa inhlangano kohulumeni egxile ngokukhethekile ezindabeni zokuLawulwa Kwempahla Emngceleni kanti futhi yaziwa njengezwi lomphakathi wokuLawulwa Kwempahla Emngceleni Emhlabeni. Ngonyaka wezi-1994, i-CCC yabe isithatha igama lokusebenza elaziwa ngeNhlangano Yomhlaba Yamahhovisi Alawula Impahla Emingceleni (i-WCO).

Ekwamukeleni inselelo yokuhola i-WCO unyaka owodwa, uMnu Kieswetter uzwakalise ukubonga kozakwabo, abakubone kufanele ukuba ahole umkhandlu omkhulu kangaka. Uthe, “ubuholi kungumsebenzi omkhulu futhi akwandele bani ukulekelela imizamo yamazwe omhlaba ukuletha izindaba zokuLawulwa Kwempahla Emngceleni zibe umongo wokuxhumanisa uhwebo kumazwe omhlaba. Lokhu kuqokwa kuwubufakazi obuningi bokuthi ubuholi bakwaSARS ezindabeni zokuLawulwa Kwempahla Emngceleni buyabonakala emva kweminyaka eminingi yokuBanjwa Kombuso Ngobhongwane”.

Ukuqokwa kwendulelwe yiKhomishini Yenqubomgomo. Izingxoxo ezenzeke kuKhomishini Yenqubomgomo bezifaka phakathi inqubekela phambili ezinhlelweni zobuchwepheshe zokuLawulwa Kwempahla Emngceleni ze-WCO, izinselelo ezivelayo nezintsha umhlaba wokuLawulwa Kwempahla Emngceleni obhekene nazo, kanye nezindaba zokuthuthuka kwenhlangano ezindabeni zokubusa nokwenza inhlangano kube eyesimanje kwe-WCO njengenhlangano eyenza izinto ngokuholwa nokubhekelela amalungu.

Ngenxa yezindaba ezisezihlokweni okuxoxwa ngazo okwamanje, uKhomishana uKieswetter uhleli esiqongweni sezinga lomhlaba ukuhlinzeka ngobuholi obufanele obuzoqinisekisa ukuthi i-WCO ikufanele lokhu ehloselwe kona futhi ihlala ihambisana nesikhathi uma kuza ezindabeni zobuholi nokweseka umphakathi wokuLawulwa Kwempahla Emngceleni kuzwelonke.

UKhomsihana uKieswetter uveze uhlaka lohlelo oluzolawula ukuba ngusihlalo kwakhe kanje:

1. Ukusebenzisana nozakwethu nabalingani basemazweni angamalungu kuya ekulaleleni kahle nasekuqinisekiseni ukuthi inhlososu ye-WCO iyafezeka ngalokhu:

- Ngokuba nehhovisi elisebenza kahle futhi eliphathwa kahle,

- Ngokuba nohlelo lokwenza izinguquko zesimanje,
- Ngokuba nezinto ezibekwe eqhulwini ezifanele,
- Ngokuba nokuqonda ukuthi kusho ukuthini ukuphumelela.

2. Ukukhuthaza ukungashiyi ngaphandle abantu kugxilwe kakhulu kwabesifazane nakubantu abaphila nokukhubazeka.

3. Ukwakha ubudlelwane obuqinisle nobuyimpumelelo nabo bonke ababambiqhaza.

4. Ukuphokophelela ekubeni nephrofayili eyenziwe ngcono yendima ebalulekile yeHhovisi Lokulawulwa Kwempahla Emngceleni ekusizeni umphakathi nokuqinisekisa inhlalakahle ikakhulukazi kwalabo abasebungozini.

Esinye isikhathi nokwakuyisikhathi esenzeka kanye lapho izwe laba usihlalo womkhandlu we-WCO kwakuphakathi konyaka wezi-2001 nowezi-2006 ngaphansi kobuholi balowo owayenguKhomishana, uMnu Pravin Gordhan.

UKhomishana uKieswetter ubonge uNobhala Jikelele ophumayo, uDkt. Kunio Mikuriya kanye noSihlalo uMnu. Ahmed Al-Khalifa ngokuhola kwabo ngempumelelo inhloso yenhlangano.

IKhomishini Yenqubomgomo iphinde yaqoka uMnu. Ian Sanders we-United State njengoNobhala Jikelele omusha we-WCO. UMnu. Sanders uzoqala ithemu yakhe mhla lu-1 kuMasingana 2024.

Ekugcineni, uKhomishana ubonge ozakwabo bezwekazi lase-Afrika ikakhulukazi i-Afrika eseMpumalanga neseNingizimu, abalingani bethu be-BRICS kanye nezinye izifunda ngokuhlonipha iNingizimu Afrika ngale ndlela.

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za